Uhlelo ngoHana
Umsebenzi kaTWR

**NTULIKAZI 2016**

Nxusa elithandekayo

Kumanje nje ngibe nomzuzu wethemba uma ngikhumbula ukuthi ingcebo esinayo kuJesu yambulwa ngezimpilo ezaphukileyo. Ingoba amandla okusindisa avela kuNkulunkulu awaveli kithi (2 Korinte 4:7). Kulelivesi uPawuli wayekhuthaza ibandla laseKorinte ngezindaba ezinhle zokuthi ithemba nokuphiliswa liyenzeka ngenxa yensindiso ngoJesu owambulwa ezimpilweni zethu, ezifana ncimishi, nezitsha zebumba eziphukileyo.

Kuyangithobisa ukwazi ukuthi uPawuli wazibona engafanele uma eziqhathanisa nomyalezo wethemba elikuJesu (Efesu 3:7–9). Ngikholwa ukuthi nathi uNkulunkulu ufuna sizibuke kanjalo ukuze singabi nambuzo ngomthombo wevangeli namandla alo: insindiso umsebenzi kaNkulunkulu, hhayi owethu (1 Korinte 2:5; 3;7).

Empeleni singayiphila kanjani impilo egcwele ithemba, esemandleni kaNkulunkulu, uma sibhekana nezinselelo nobuhlungu mihla yonke?

**Asihambe ngokukholwa hhayi ngokubona.** Into eyamsiza uPawuli ukwazi ukuthi lempilo yasemhlabeni ingeyesikhashana (2 Korinte 4:18). Wakhuthaza ibandla laseKorinte nathi ukuthi singabuki izimo ezibhekene nazo kodwa sijonge kwikusasa esinalo kuJesu. Impilo kaPawuli ke leyo. Ukuba wayekwazi ukuzikhethela, wayezokhetha ukuwushiya lomhlaba ayohlala neNkosi (Filiphu 1:21–23). Wake wakufisa loko? Mina ngiba nako uma ngibhekana nezinselelo, kodwa kuyangivuselela ukwazi ukuthi abesifazane nabesilisa emhlabeni wonke bayakhuleka, becela uNkulunkulu ukuba asiphe amandla, ithemba ukuphiliswa noma sibhekana nezinselelo.

**Bekezelani ngoba kunomvuzo.** UPawuli esashumayela ivangeli likaJesu emhlabeni wonke, abantu abaningi bafunda futhi bamukela umusa nobubele bukaNkulunkulu. Abawuzwa umyalezo baphendula ngokuphenduka, bathola insindiso, babonga (Efesu 1:6, 12, 14). Namhlanje, nathi sizwa okufanayo njengoba izimpilo zethu zincike ezwini likaNkulunkulu sikholwa ukuthi kunomvuzo omkhulu ukudlula lezizinhlupheko (2 Korinte 4:16–17). Asiwuqhubele phambili lomusa ngokukhuleka nangezenzo, sixoxe ngendaba yethu yokufumana umusa nokuphiliswa kuJesu.

Usuku nosuku siyalizwa lelithemba. uNkulunkulu uyanyakaza kithi ngomkhuleko. Akabakhohliwe odadewethu eChina asiqhubeke siphakamisele amaphimbo ethu ngomkhuleko ngenxa yezivivinyo ababhekana nazo, qina ekukholweni wazi unakho konke okudingayo empilweni, udinga ukuphila ngobungcwele njengoba sencika emandleni esiwathola kuNkulunkulu ngoJesu (2 Petro 1:3–4).

Akubusise uNkulunkulu,

Peggy Banks
Global Ministry Director
Project Hannah